# IZINDABA EZIFINGQIWEYO ZEKERIKE NGOKOBULUTHERE

## JANUARY 2012

Nansi imisho kaHenry C. Schwahn eminye engithi ngayo iyasiza ngokuqaphela ukusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli ezintshumayelweni, ekufundiseni, noma emisebenzini eminye yekerike, noma yebandla.

**Umusho 9**

Ukusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli kuyasebenzisa umthetho ukulungisela ivangeli indlela, kodwa umthetho awusekeli ivangeli, ngokuba isithelo sikaMoya sivela evangelini kuphela. Kanjalo kuyathenjwa, nokulindelwa isithelo.

**Umusho 10**

Ngokusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli kuyashaywa konke okungaveli evangelini, noma ekukholweni ukuthi akukabi ngumvuzo weqiniso. Ngakho lokhu kuyathwalwa izinhlobonhlobo zakho okubuthakathaka, nokuswelekayo, konke okuyisono, kunokuba ukukususa ngokungaphandle kuphela.

**Umusho 11**

Ngokusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli ukwelusa imimoya yamakholwa kuqondiswa umthetho nevangeli kuwo, kodwa ukuvivinya nokwahlulela amakholwa kuyashiyelwa esandleni sakhe ozazi izinhliziyo.

**Umusho 12**

Ngokusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli kuyaqashelwa ukuba abantu bahlalisane kahle, kodwa kunalokhu kuyaqashelwa ukuba inkululeko yamakholwa ilondolozwe. Kanjalo okwangaphakathi kuyashiwa kube okungaphakathi, kushiyelwe ekwahlulelweni kukanembeza wamakholwa oboshelwe ezwini.

**Umusho 13**

Ngokusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli kuyagcizelelwa ukuthembeka nakukho okuncane. Ngaphezu kwalokhu kuyaqashelwa okukhulu okuqondene nakho konke, kunakho okuqondene nakho okukodwa kuphela.

**Umusho 14**

Ukuhlakanipha njengezinyoka, ukuqaphela okudingekayo esikhathini, ukuqaphela ukuba umuntu anganqotshwa nguSatane, ukuba yikho konke kubo bonke ukuze ngakho konke kusindiswe abanye kuyahambelana kahle nokusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli.

**Umusho 15**

Ukusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli kuhlukene nesidukiso saboabangaqhubi umthetho kumaKristu. Kanjalo kuhlukene nabo abasebenzisa umthetho nevangeli ngokomthetho.

**Umusho 16**

Ngabe kufanele ukuba ukusebenzisa umthetho nevangeli ngokwevangeli kuvela ekulazini, nasekukholweni ivangeli, kodwa akuvami ukuba kwenzeke, noma kwenzeka ngokulibala, kancane-kancane kuphela.

**Umhlangano wesinodi lesifundamfundisi omkhulu saseBotswana**

wahlangana ngomhla ka 19. 11. 2011 eGaborone, kuwo kwakhethwa umf. uBuka Tsimako, abe umfundisi omkhulu, nomf. uPaul Mosenogi, abe iphini lakhe, abanumn. oLame Seitiso noBoiki Modiakgetla, babe ngamalungu emkhandlwini wesifundamfundisi omkhulu. Umn. uSeitiso futhi uyilungu lomkhandlu wekerike, njengomfundisi omkhulu nephini lakhe ngokwesikhundla sabo. Kwabikwa ngemisebenzi yesifundamfundisi omkhulu ehlukeneyo, njengombhish. uDr. K. P. P. W. Weber ubikile ngokweKerike ngokobuLuthere eNingizimu Afrika. Lemibiko yamukelwa ngumhlangano ngokubonga. Embikweni wakhe, uMbhish. uWeber wathinta indaba yokuthi isifundamfundisi omkhulu saseBotswana samiswa phambi kweminyaka engu-30. Umf. uHäfner waqala ngo-1972 ukuhambela abebandla lekerike lakithi ababethuthela eBotswana. Ngomhla ka 28-30 April1981 umhlangano womkhandlu wekerike unqumile ukuba amabandla aseBotswana ahlelwe, abe yisifundamfundisi omkhulu. Emhlanganweni womkhandlu wekerike owahlangana ngomhla ka 21-22 July 1981 umfundisi omkh. uHäfner usemukelwe njengomfundisi omkhulu emkhandlwini wekerike. Isinodi lokuqala lesifundamfundisi omkhulu saseBotswana wahlangana ngoSeptember 1981 njengokusho kombiko ngomhlangano womkhandlu wekerike.

**Okwesifundamfundisi omkhulu saseGoli**

Ngomhla 30 October emkhosini wokukhumbula ukucandulwa kwekerike emkhosini wobuthunywa wesifundamafundisi omkhulu saseGoli umf. uMoses Danisi waseKahlehong wangeniswa esikhundleni sakhe sokuba ngumfundisi omkhulu wesifunda lesi ngokohlelo lwenkonzo enjalo ngumbh. uDr. K. P. P. W. Weber. Umf. omk. uDanisa wangenisa umf. uJohn Nkambule ongumfundisi wamabandla aseNaledi naseMohlakeng esikhundleni sokuba yiphini lomfundisi omkhulu wakhona. Wangenisa nomphathi wesikhwama sesifundamfundisi omkhulu umame uWinnie Masike, nonobhala umame uMokgosane, nephini lakhe umn. uMoses Mosweu,, nokuqinisa umn. uN. P. Ntshoe abe omelayo isifundamfundisi omkhulu emkhandlwini wekerike, ngoba wayekhethwa futhi ukuqhubeka kulomsebenzi.

**Okwe"Lutheran Theological Seminary in Tshwane - iKholishi leKerike ngokobuLuthere eNingizimu Afrika (Arcadia Pretoria)**

Ngomhla ka 28 November 2011 umphathi wekholishi, umbh. uDr. K. P. P. W. Weber wabeka umbiko wakhe ngomsebenzi wekholishi ku-2011 phambi komhlangano womkhandlu wekholishi (amagama

e”Board of Directors of the LTS” atholakala eAlemakeni ka-2012.) Umbhishobhi waphawula amagama ababefundisa ekholishi ngokubonga abakufundisile. Lapho kuyaphawulwa amagama abafundi beKerike ngokobuLuthere eNingizimu Afrika abangabafundisi bekholishi, umbhishobhi em. umf. uDr. D. P. Tswaedi ofundisayo isingeniso kulo iThestamente elidala, nezifundo nezincazo zeThestamente elisha, nomf. uM. N. Mntambo ofundisayo isiHeberu nokusebenzisa itheoloji, nombhishobhi osengumphathi wekholishi ofundisayo okwezivumo nesifundiso seKerike ngokobuLuthere, nomf. uGlenn Fluegge wekerike elithiwa Lutheran Church - Missouri Synod laseMelika ozibophile ukusebenza iminyaka ethile ekholishi leli ofundisayo Histori leKerike nesiGreki, nababili abenyunivezithi yasePitoli abasizayo ngezifundo ezithile: njengomame uEtienne Fourie ofundisayo Academic Skills, nomame uAngelika Weber ofundisayo isiJalimane. Ngaphezu kwalamagama wathinta amagama abangu-9 ababesiza amavikinyana. Bayaphawulwa kulendawo ukuthi babe ngobani, nakho okwafundiswa yibo: Randi Asberry: Ukusebenzisa iKhathekisemu likaLuther ekufundiseni; Stephen Rosebrock: uhlelo lwenkonzo nokwamaculo; Dr. John Kleinig: AmaHubo eThestamente elidala, nangokokuziphatha kwekholwa; Dr. Anssi Simojoki: Histori lekerike eAfrika; Philip Ntsimane: Histori lekerike eNingizimu Afrika; John Pless: ukuziphatha kwekholwa nesifundiso sokufundisa iKhathekisemu; Dr. E. A. W. Weber: Histori leKerike ngokobuLuthere eNingizimu Afrika. Umbhishobhi wabonga nabo kakhulu embikweni wakhe.

Wakhuluma nangethemba ukuthi umf. uR. P. Ntsimane uzobuyela ekholishi, uma eqeda okobudokotela betheoloji, nokuthi umf. uCarl Rockrohr nomkakhe uDebora Rockrohr bazoza ukufundisa ekholishi, nomame wakwaRockrohr abe khona ukufundisa abangu-“deaconesses” ekuqaleni komnyaka omusha. Waphawula nomsebenzi kanobhala, umame uSalomé Smith, nabasizi abathile ababekhona ekholishi ngo-2011 ukusiza ukuhlela izincwadi, nokwenza okunye ekholishi. Wabonga izipho ezinkulu ezatholakala ekholishi: izincwadi zikaprof. Dr. Johannes Lombard, nezomf. uHeinrich Voges esiphiwe ikholishi ukulondolozelwa khona, nokusetshenziswa ngabafundisayo nabafundi, zilotshiwe kahle emakhathini ekholishi, nokuphawulwa ngezibalo zazo yibo labasizi, njengobaba nomame uPat noLee Hoffmeier, abaLCMS, noChristoph Dahl-Schmidt weLKM, nawomame uGinger Taff-Lagergreen noZeal Bealehas abeLCMS. Wabika nangesivumelwano phakathi kwekholishi neyunivezithi yasePitoli maqondana nokusebenzisana phakathi kwazo, nokunika abafundiithuba lokubona BTh, kakhulu ngokwethemba ukuthi inyunivezithi iyakwamukela umfundisi wekerike ngokobuLuthere onguprofesa watheoloji.

Waphawula amagama abafundi abangu-28, nabankabo abathile, wathi: abangu-9 beviyo elithiwa “beginners course; abangu-6 kulo elithiwa “main course”; abangu-7 abakulo elithiwa “advanced and post graduate course”, nabangu-6 ababe kulo elithiwa “deaconess course”. Nakhu okukhalisayo: Kungabayigcosane kuphela abavela emabandleni ekerike lakithi ukuzilungisela umsebenzi wokuba ngabafundisi ekerikeni. Ngakho-ke ningadinwa ukucela eNkosini ukuthuma izisebenzi ekuvuneni kwayo. Ukuvuna kwayo kukhulu naseningizimu Afrika.

**Okweviyo lama”Deaconesses”**

Umame uGracce Rau waseLCMS World Relief & Human Care wafundisa omame bekerike lakithi kabili amaviki athile, oEster Mathulwe, noMaria Matlakala Phogojane, noNancy Sephai baseNorth West, uSheila Letlole waseBotswana, noThembekile Buthelezi, noThulisiwe Bhengu baseMpumalanga naseKwaZulu/Natal. Ngomhla ka 4 November enkonzweni eyaphathwa endlini yokusonta yaseSt. Paul eArcadia umbh. uDr. Weber wababusisa ukuba ngama"deaconesses" (ungathi izikhonzi ekuhluphekeni). Kulenkonzo umf. iphini lokuqala lomongameli weLCMS uHerb Mueller washumayela.

**Ukugcina komnyaka eLTS in Tshwane**

Ngomhla ka 24 November kwavalwa umnyaka ekholishi laseArcadia. Kwaqeda abafundi ababili lonyaka: uFrank Kainerugaba noEnoch McBen baseUganda, baphumelele kahle kangaka ukuba baqhubeke eyunivezithi yasePitoli ngonyaka ozayo.

**Umhlangano waseOberursel 8-11. November 2011**

Kulomhlangano kwakhulunywa ngokuhlola okwezindaba zokuhlalisana kwezizwe esikhathini phambi kuka1994, nangokuhlolisisa ukuthi kwamanje ukuhlalisana kuyaqhutshwa kanjani. Umbh. em. umf. uDr. D. P. Tswaedi nomf. uR. P. Ntsimane bekerike lakithi babe khona, nomf. uD. Schnackenberg wabeFELSiSA.

**OkweAlemanaka 2012**

Kuyintokozo, iAlemanaka 2012 selikhishiwe. Kulo kuyabonakala ukuthi isifundamfundisi omkhulu waseBotswana sinezifundamfundisi ezingu-9, esasekwaZulu/Natali ezingu-9; esaseMpumalanga ezingu-13; esaseNorth West ezingu-11; nesaseGoli ezingu-9. Lowo nalowo makahlole okuqondene namagama nekheli, nokunye okoqondene naye ukuba aqonde ukuthi kulungile, noma qha. Uma kusweleka okuthile kukho makasazise umbhishobhi noma unobhala ehovisini lakhe ukuba kulungiswe kulo elomnyaka ozayo, jaaka mina ngokwami sengicelile ukuba ngomnyaka ozayo kufakwe inamba elisha kithi, ngisho elogcingo: 034 815 0106. IAlemanaka libiza R 50.

Rev.E.A.W.Weber DD

Welbedacht: 5th January 2012